

**INKULUMO KANGQONGQOSHE WEZOKUTHUTHA, UKUPHEPHA
NOKUXHUMANISA UMPHAKATHI KWAZULU-NATALI, UMNUZ WILLIES
MCHUNU, EMCIMBINI WOKUKHUTHAZA UKUPHEPHA EZIKOLENI EMLAZI
MHLA 20 APRIL 2013:**

Mphathi Wohlelo;
UMphathiswa wezeMfundo umfwethu uMacingwane;
Amalungu esiShayamthetho akhona;
Amakhansela wonke akhona;
Ubuholi bezenkolo;
Ubuholi bamaphoyisa;
ImiNyango kaHulumeni ekhona ngokwehlukana kwayo;
Abamele izinhlaka ezahlukene zomphakathi ezikhona;
Abezindaba;
Umphakathi wonke.

Nginyanibingelela.

Egameni lomNyango wezokuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi waKwaZulu-Natal, ngithatha leli thuba ukuba ngibonge ukuba yingxenye yalo mcimbi obaluleke kangaka wokuzama ukuqinisa ubambiswano ekulweni nobugebengu, ikakhulukazi obuthinta izingane zesikole, esaziyo sonke ukuthi yizona eziyikusasa lesizwe sethu.

Kodwa siyazi futhi ukuthi isihlava esikhuluma ngaso lapha asigcini ngokuthinta abafundi kuphela ngoba nabo othisha sihlale siyithola imibiko yezigameko zokuhlukunyezwa kwabo bekhona emagcekeni esikole.

Ngakho-ke sifisa ukubonga kakhulu kuzo zonke izinhlaka esezibe yingxenye yalo mkhankaso. Sibonga ukusukuma kwenu nisekele uHulumeni ekwakheni izinhlelo zokukhuthaza imiphakathi, ikakhulukazi intsha ukuba ibe nolwazi oluzoyisiza ukushintsha indlela yokuziphatha, ibuyelwe ukuzethemba, ikwazi nokuthatha izinqumo ezifanele.

Sizokhumbula phela ukuthi nangenkathi uMongameli uMnuz Jacob Zuma ethatha izintambo ngo-2009, ukulwa nobugebengu wakubeka eqhulwini kanye nezinye izinhlelo ezibalulekile njengezempilo, ezemfundo, ukulwa nobubha, ukuthuthukiswa kwezindawo zasemakhaya nokwakhiwa kwamathuba emisebenzi asezingeni elifanele.

Lokhu kwakungasuselwa nje emoyeni, kodwa kwakususelwa ezintweni ezazivela, njengezinsalelo ezibhekene nabantu bakithi uma kukhankaswa ngaphambi kokhetho.

Wonke umuntu uyazi-ke ukuthi abantu baKwaZulu-Natal baphuma kanjani ngobuningi babo bayoqinisekisa ukuthi lo Hulumeni okhona kuqhubeka kube yiwona obasebenzelayo ngaphansi kobuholi bukaMsholozzi kuzwelonke, noNdunankulu uDkt Zweli Mkhize lapha KwaZulu-Natal.

Manje-ke konke lokho kusibeka ekutheni kubalulekile ukuthi njengomphakathi sivume ukulekeleleka ukuze lithi liphela leli hlandla lalo Hulumeni sibe singenako ukuzisola ngokuthi sakhetha yena.

Enye yezindlela zokuvuma ukulekelelwa yiyona lena yokuthatha izinhlelo zokulwa nobugebengu ezilethwa nguHulumeni kunina, nizisebenzise ngendlela ezokwenza ukuthi nibe wumphakathi onenhlalakahle.

Njengesizwe saseNingizimu Afrika, sesikhulume kakhulu ngale ndaba yokusabalala kwezigameko zokunukubezwa nokubulawa kwezingane zamantombazane ezincane nabesifazane asebekhulile – ogogo bethu.

Ngisho naye uMongameli uZuma uze wethula ngokomthetho umkhankaso we-Stop Rape Campaign ngenhloso yokuqwashisa futhi kukhuthazwe ukuba kwakhiwe umphakathi onakekelayo nohlonipha amalungelo abantu bonke, ikakhulukazi amalungelo abesifazane nezingane.

Kulokhu uMsholozisi uze wanxusa ukuba zonke izinhlobo zemiphakathi, kuhlangukisa nabazekolo nabaholi bendabuko, zibambe iqhaza ukubhekana nalo sathane.

Ngalokhu uMongameli wayeveza ukuthi sonke, kuhlangukisa uHulumeni nemiphakathi, sinomthwalo wokuhola leli lizwe sakhe umphakathi wentando yeningi nokhululekile. Kodwa okuphambili futhi kube ukubumbana nokubambisana ukuze sibhekane nezinsalelo ezisithinta sonke simunye futhi sinamandla.

Lapha sikhuluma ngomphakathi ophila ngaphansi kwemigomo yokuba noBuntu, okusho ukunakekelana nokuhloniphana. Sikhuluma ngomphakathi onamathuba alinganayo emfundo, ezempilo, uphahla phezu kwekhanda namathuba emisebenzi. Sikhuluma ngomphakathi lapho wonke umuntu ezizwa ephiphile futhi evikelekile.

NoNgqongqoshe wamaPhoyisa kuZwelonke, uMnuzi Nathi Mthethwa, uyakuveza uma ekhipha izibalo zobugebengu ukuthi nakuba izinga lamacala abucayi liya ngokwehla, kodwa izinga lamacala athinta ukhulumeza ngocansi lisalokhu likhathaze njalo.

Okubi kakhulu-ke ngokuthi isifundazwe sethu saKwaZulu-Natal sinomthelela omkhulu ekukhuleni kwezibalo zalolu hlobo lwamacala.

Yikona futhi lokhu osekwenze sakhapha isixwayiso sokuthi uma kuqhubeka kanjena kusho ukuthi isifundazwe sethu singase sibuyele ekubeni negama elibi esike saba nalo phambilini lapho besaziwa njengendawo engenako ukuphepha, okuyingozini ngisho ukuthi ungavakashela khona.

Cabanga-ke umsebenzi osuwenziwe yilo Hulumeni oholwa nguKhongolose ukunxenxa abatshali zimali ukuze kuthuthukiswe abantu kudalwe namathuba emisebenzi, konke lokho kuzogcina kusengcupheni uma singasukumi kusemanje.

Masikuveze-ke lapha ukuthi ukwanda kwalezi zigameko esikhuluma ngazo lapha sekwenze uHulumeni walapha KwaZulu-Natal waqinisa umkhankaso wokuyibheka ezimpandeni imbangela yalolu hlobo lobelelesi.

Sesinqume ukuthi ngaphezulu kokuqwashisa nokufundisa imiphakathi, kumele sibe nohlelo lokufundisa ababhebhezeli balokhu, ikakhulukazi intsha engabafana, kwenziwe ucwaningo olubandakanya nalabo asebeboshiwe ngala macala.

Sithi nathi manje siwuHulumeni sesifuna ukuthola ngophenyo oluhlelekile olusemthethweni ukuthi yini benze kanje? Ngabe loku ukweyisa okuhlangene nokuphelelwa wubuntu, nonembeza kanye nesazelo yini?

Uyaziqhenya yini ngokudlwengula noma isalukazi esesigugile okumele engabe siyakuthuma ukuba usiphe ukudla namanzi, usiphelezele uma siya emtholampilo, usinakekele ngendlela nawe ongathanda ukunakekelwa ngayo uma usumdala? Wenziwa yini ukuthi usihlukumeze? Yini engenziwa ukunqanda leli dimoni elihlasele izingane zethu zabafana?

Siyazi kwezinye izikhathi kuba ngabantu besilisa abadala abahlukumeza izingane. Ngithi besilisa ngoba uma ngithi amadoda ngizobe ngisho into abangeyona. Nakubona-ke laba besilisa siyabuza ukuthi uyaziqhenya yini uma uzwa ingane ikhala kodwa wena uqubheke uyinukubeze.

Kuyafika yini kuwena ukuthi nawe ngelinye ilanga kungaba ngeyakho ehlukunyezwayo? Abanye bahlukumeza ngisho izingane abazizalayo. Nakubona siyabuza ukuthi unembeza sewashonaphi? Uke ucabange yini ukuthi ukube nguwena owawenziwa leyonto ngabe wawuzwa kanjani?

Ngakho-ke kukonke nje mphakathi waseMlazi, mphakathi waseThekwini, KwaZulu-Natal nase-South Afrika yonke, sithi masiwukhuze lo mhlola. Inkululeko eyalwelwa kanzima abanye baze bayifela masingayenzi inhlekisa.

Siyanxusa kinina nonke ukuba sizibophezele manje ekutheni sizowuqhuba lo mkhankaso sikiphe umqondo wobudlwembe kubafana abancane sibafundise ngezinto eziyisisekelo ekugcineni ezizobenza babe ngamanxusa emiphakathini yabo.

ImiNyango kaHulumeni inazo izinkundla zokulekelela intsha yakithi. Siyafuna ukuxoxisana nentsha engabafana ukuze njengoHulumeni siqonde kahle ngezinto ezibathintayo, sikhulume nabo ngemiphumela yokudlwengula nobunye ubugebengu obuhlukumeza umphakathi.

NjengomNyango wezokuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi sizoqhubeka nokugxila kule yezigameko eziningi zokudlwengulwa kwezingane nabadala ezenzeka ngaphakathi emindenini lapho okumele ngabe umuntu uthola ukuvikeleka khona.

Sifuna ukuyiqeda lento ephambana kakhulu nesisho esithi, 'Imindeni ejabulayo yakha umphakathi ojabulayo; umphakathi ojabulayo wona wakha isizwe esijabulayo.'

Siyazi ukuthi kunabantu abaningi abayizisulu kodwa abafela ngaphakathi. Yingakho-ke senza izinhlelo ezifana nalezi zokuya kubantu ukuze bakhuthazwe ukuba bakhulume ukuze izigebengu zithathelwe izinyathelo.

Siyazi ukuthi kweminye imindeni izingane ziyaphoqwa ukuthi zithule zingabi ngokuhlukunyezwa ngoba mhlambe kuphilwa ngaye lo muntu oyiselelesi socansi, noma bezama ukufihla amahlazo omndeni kanti bagcine inyoka ezoloku ibaqhoboza umonakalo uze ube mkhulu kakhulu.

Njengoba uMongameli uMsholzi ethule i-Stop Rape Campaign ebengikhuluma ngayo ekuqaleni, noHulumeni walapha KwaZulu-Natal futhi sewethula uhlaka lwesifundazwe lokulwa nokusetshenziswa kwezidakamizwa.

Siyazi ukuthi intsha yakithi iphelile yizidakamizwa. Uma ubheka okunye kwalobu bugebengu bugilwa sekusetshenziswe zona izidakamizwa, kanti ukuntshontsha nokubamba inkunzi kuvamise ukwenziwa ukuze kutholakale zona lezi zidakamizwa.

Utshwala-ke bona buyasampula. Amantombazane amancane angasebenzi nokusebenza ahlala emathaveni aphuziswe ngamakhehla amadala agcina esefuna ukulala nawo kanti asezowashiya nenkinga yengculazi nezisu noma kokubili.

Lo mkhankaso wokulwa nezidakamizwa sizowuqhuba ngaphansi kohlelo lwesifundazwe luka-*Operation Sukuma Sakhe*. NjengoHulumeni sihlale siyigqugquzela imiphakathi ukuba izisebenzise izikhungo zama-war room ngaphansi kwalolu hlelo, lapho kudingidwa ngazo zonke izinselelo ezibhekene newadi.

EmNyangweni wezokuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi sesithe makusungulwe nama-Ward Safety Committee azosebenzisana nama-CPF nezinhlaka zonke ezibhekele ukuphepha ewadini ngayinye Ama-School Safety Committee nawo angina khona ekutheni asebenze nalezi zinhlaka.

Zonke-ke lezi zinto ziyimizamo yokuba nilekeleleke njengomphakathi, ikakhulukazi intsha okuyiyona esenkingeni kakhulu. Kodwa njengoba bese ngike ngasho, kukunina ukuthi niyafuna yini ukusizakala. Thina sesiyivulile inkundla.

Masiphinde sibonge ngokuthola leli thuba lokuba yingxenye yalo mcimbi owumkhankaso oqhubekayo wokwakhiwa kwesizwe. Sengathi singahamba sibuyele emakhaya sivuselelekile namhlanje, onembeza bethu basitshela okuyikona ngaso sonke isikhathi.

Ngiyabonga